## Government Notices • Goewermentskennisgewings

**DEPARTMENT OF SOCIAL DEVELOPMENT**

**NO. R. 7351** **2 April 2026**

**SOCIAL ASSISTANCE ACT, 2004 (ACT NO. 13 OF 2004) AS AMENDED**

**AMENDMENT REGULATIONS RELATING TO COVID-19 SOCIAL RELIEF OF DISTRESS**

The Minister of Social Development has, in terms of section 32(1) and (2), read with section 13 of the Social Assistance Act, 2004 (Act No.13 of 2004), made the Regulations in the Schedule.

**NG TOLASHE (MP)**
**MINISTER OF SOCIAL DEVELOPMENT**
**DATE: 31/03/2026**

This gazette is also available free online at **www.gpwonline.co.za**

## SCHEDULE

### GENERAL EXPLANATORY NOTE

**[ ]** Words in bold type in square brackets indicate omissions from existing enactments.

_______ Words underlined with a solid line indicate insertions in existing enactments.

### Definition

**1.** In these regulations, "Regulations" means the Regulations relating to Covid-19 Social Relief of Distress published in the Government Notice No. R. 2042 of 22 April 2022, as amended by Government Notice No. R. 2381 of 16 August 2022, Government Notice No. R. 3210 of 29 March 2023, Government Notice No. R 4466 of 25 March 2024 and Government Notice No. R 6137 of 22 April 2025.

### Amendment of regulation 5 of Regulations

**2.** Regulation 5 of the Regulations is hereby amended —

*(a)* by the substitution for sub-regulation (1) of the following subregulation:

"(1) The monthly amount of the COVID-19 Social Relief of Distress is R370 per successful applicant and is payable for the period 1 April **[2025]** 2026 to 31 March **[2026]** 2027."; and

*(b)* by the substitution for sub-regulation (3) of the following sub-regulation:

"(3) The payments in terms of these regulations—

*(a)* are limited to the amount appropriated for the **[2025/2026]** 2026/2027 financial year to the vote of Social Development for social relief of distress; and

*(b)* may only be made in respect of applications, made during the period 1 April 2022 to 31 March **[2026]** 2027, and approved by the Agency."

### Substitution of Regulation 6C of Regulations

**3.** The following regulation is hereby substituted for regulation 6C of the Regulations:

"**Transitional provision**

**6C**. To ensure uninterrupted assessments and payments during the transition between the Regulations published on **[25 March 2024]** 22 April 2025 under Notice No. **[4466]** 6137 and these Regulations, the Agency may use data used during the March **[2025]** 2026 assessment cycle, in terms of regulation 2, for continued assessments of clients up to 31 May **[2025]** 2026.".

### Short title and Commencement

**4.** These Regulations are called the Amendment Regulations Relating to COVID-19 Social Relief of Distress, **[2025]** 2026 and take effect on 1 April **[2025]** 2026.

This gazette is also available free online at **www.gpwonline.co.za**

**UMNYANGO WOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI**

**Inombolo R.** **2026**

**UMTHETHO WOSIZO LOMPHAKATHI WONYAKA WE-2004 (UMTHETHO WE-13 WONYAKA WE-2004) NJENGOBA UCHITSHIYELWE IZIMISO EZIMAYELANA NOSIZO LOMPHAKATHI NGEZIKHATHI ZENHLEKELE YE-COVID 19**

UNgqongqoshe woMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi, mayelana nesahluko sama-32(1) kanye nese-(2), esifundwa kwisahluko se-13 soMthetho Wosizo Lomphakathi wonyaka we-2004 (uMthetho we-13 wonyaka we-2004), wenze iZimiso, njengoba zifakwe kwiSheduli.

**NG TOLASHE (u-MP)**
**UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI USUKU: 31/03/2026**

## ISHEDULI

### AMANOTHI ENCAZELO JIKELELE

**[ ]** Amagama abhalwe agqanyiswa phakathi kwababakaki abayisikwele akhombisa ukukhishwa okusuka kwimithetho ekhona.

_______ Amagama adwetshelwe ngomugqa owugqinsi akhombisa okufakiwe okusuka kwimithetho ekhona.

**Izincazelo**

**1.** Kulezi Zimiso, "iZimiso" zisho iZimiso ezihlobene noSizo Lomphakathi Lwenhlekele ye-COVID-19 ezishicilelwe kwiSaziso Sikahulumeni esingunombolo R. 2042 somhla zingama-22 Ephreli 2022, njengoba zichitshiyelwe ngeSaziso Sikahulumeni esingunombolo R. 2381 somhla zi-16 Agasti 2022, ngeSaziso Sikahulumeni esingunombolo R. 3210 somhla zi-29 Mashi 2023, neSaziso Sikahulumeni esingunombolo R 4466 somhla zi-25 Mashi 2024 kanye neSaziso Sikahulumeni esingunombolo R 6137 somhla zi-22 Ephreli 2025.

**Ukuchitshiyelwa kwesimiso sesi-5 seZimiso**

**2.** ISimiso sesi-5 seZimiso siyachitshiyelwa —

*(a)* ngokufaka esikhundleni sesimiswana soku-(1) salesi simiswana esilandelayo:

"(1) Inani lanyanga zonke loSizo Lomphakathi Ngezinhlekele ze-COVID-19 ama-R370 umfakisicelo ngamunye ophumelele futhi akhokhwa izinyanga zesikhathi esisuka mhla zi-1 Ephreli **[2025]** 2026 ukuya mhla zi-31 Mashi **[2026]** 2027".

*(b)* ngokufaka esikhundleni sesimiswana sesi-(3) sesimiswana esilandelayo:

"(3) Izinkokhelo ngokwalezi zimiso —

*(a)* (a) ziphelela kwinani elabelwe unyakazimali we-**[2025/2026]** 2026/2027 evotini loKuthuthukiswa Komphakathi ukuze kusizwe umphakathi kwinhlekele; futhi

*(b)* ingakhokhwa kuphela mayelana nezicelo, ezenziwe phakathi komhla zi-1 Epheli 2022 ukuya mhla zi-31 Mashi **[2026]** 2027, futhi zavunywa yi-Ejensi".

**Ukuchitshiyelwa kweSimiso sesi-6C seZimiso**

**3.** ISimiso sesi-6C seZimiso lapha siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni seSimiso 6C isimiso esilandelayo:

**"uMbandela wesikhashana**

wesi-6C. Ukuqinisekisa ngaphandle kokuphazamiseka ukuhlolwa kanye nezinkokhelo ezenziwe ngesikhathi soguquko esiphakathi kweZimiso ezishicilelwe mhla zi-**[25 Mashi 2024]**22 Ephril 2025 ngaphansi kweSaziso esingunombolo [4466]6137: kanye nalezi Zimiso, i-ejensi ingasebenzisa umniningo osetshenziswe ngesikhathi sikaMashi **[2025]** 2026 esingumjikelezo wokuhlola, ngokwesimiso sesi-2, sokuhlolwa okuqhubekayo kwamakhasimende kuze kufike mhla zi-31 Meyi **[2025]**2026. "

**Isihloko Esifushane Nokuqala**

**4.** Lezi Zimiso zibizwa ngokuthi iZimiso Ezichitshiyelwe Ezimayelana Nosizo Lomphakathi Lwe-COVID-19 zonyaka we-**[2025]**2026 futhi zizoqala ukusebenza mhla zi-1 Ephreli **[2025]**2026.